



# IZINKOLELO-ZE NAMAQINISO

MAYELANA NOCWANINGO  
LOMGOMO WE-TB

iavi

**Abantu abasemazweni asathuthuka bavame ukusetshenziswa “kuholwa ngabo”  
lapho kwenziwa izivivivinyo zocwaningo lwemigomo ehlolewa kubantu**

INKOLELO-ZE ✗



IQINISO ✓

Izivivivinyo zocwaningo oluhlolewa kubantu zokuqala ngqa zivame ukwenzelwa ezweni lapho umgomo watholakala khona okokuqala.

Emuva kokuba umgomo sewuhlolewe ezokuphepha okokuqala, kumele uhlolwe emazweni lapho leso sifo sidlangile kuwo ukubona ukuthi ungakwazi na ukuvikela isifo ebantwini abawudinga kakhlulu.

**Ezivivivinyeni zomgomo we-TB, lokhu kumele kwenziwe emphakathini onamazinga aphezulu e-TB.**



INKOLELO-ZE ✗


**Igazi eliqoqwe ezivivivinyeni zocwaningo oluhlolewa kubantu  
liyathengiswa ngokuhamba kwesikhathi ukuze kwenziwe inzuzo.**

IQINISO ✓

Igazi alikaze lithengiswe noma lisetshenziswe nganoma eyiphi indlela ephambene nomthetho.

Kuthathwa igazi ezivivivinyeni zocwaningo oluhlolewa kubantu

- Ukuqinisekisa ukuthi ababambiqhaza baphilile futhi balungele isivivivinyo
- Ukuqapha isimo sempilo nokuphepha kwababambiqhaza ngesikhathi sesivivivinyo
- Ukuze kubonakale ukuthi umgomo uwusiza kanjani umzimba ukulwa nesifo



**Lapho kuholwa kusetshenziswa igazi elincane kakhlulu.** Kwezinye izivivivinyo, elinye igazi liyagcinwa ukuze lihlolwe ngokuhamba kwesikhathi, inqobo uma kutholakale imvume yombambiqhaza.

INKOLELO-ZE ✗



IQINISO ✓

**Imigomo ye-TB esetshenziswa ezivivivinyeni zocwaningo lomgomo  
we-TB ohlolewa kubantu ibathelela nge-TB**



**Umgomo ngokwawo awenzelwe ukunqanda i-TB.** Ezivivivinyeni zomgomo abanye ababambiqhaza banikwa umgomo ohlolwayo futhi abanye banikwa isithiphazisi (umgomo ongenzi lutho emzimbeni). Abacwaningi baqhathanisa imiphumela ukubona ukuthi umgomo uyasebenza na. Ababambiqhaza abanikwa isithiphazisi basengcupheni yokuthola i-TB njengabanye abantu abasempakathini, ngakho kulindeleke ukuthi abanye ababambiqhaza bangase bathole i-TB. Nokho, **noma umuntu enikwa umgomo we-TB njengengxenye yesivivivinyo, usasengcupheni yokuthola i-TB emphakathini aphila kuwo noma ukuvusa i-TB yakhe engenamandla.**



INKOLELO-ZE ✗

**Uma kutholakala ubufakazi  
bokuthi umgomo uyasebenza,  
umphakathi nababambiqhaza  
ababandakanyeka esivivivinyeni  
socwaningo oluhlolewa  
kubantu abazukuzuza lutho.**

IQINISO ✓

Uma **sekunobufakazi bokuthi umgomo uphephile futhi uyasebenza, uzoba khona** ukuze uisetshenziswe umphakathi uma uhulumeni esekhiphe ilayisense futhi wawugunyaza. **Impokophelo yethu wukwakha umgomo ozoba khona futhi imiphakathi ewudinga kakhlulu ikwazi ukuwuthola.**



INKOLELO-ZE ✗

**Abantu abaguliswa i-TB kuphela  
abangabamba iqhaza  
ezivivivinyeni zocwaningo  
lomgomo we-TB ohlolewa  
kubantu**



IQINISO ✓

Izivivivinyo zocwaningo lomgomo we-TB ohlolewa kubantu zihlola ukuthi umgomo ungakwazi na ukuvikela abantu ekuthelelekeni nge-TB. Ngakho, bantu ababambe iqhaza esivivivinyeni socwaningo lomgomo we-TB ohlolewa kubantu kuvame ukuba abantu abaphilile, kodwa abahlala endaweni enengcuphe enkulu yokuthola i-TB.